PARLIAMENT
OF THE REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# IBA NEZWI

# UMTHETHOSIVIVINYWA WOKUCHIBIYELA UMTHETHO WEZOKUXHUMANA NGOGESI [B12 – 2026]

## IZETHULO ZOMPHAKATHI

IKomidi elibhekele Ezokuxhumana Nobuchwepheshe Bedijithali limema ababambiqhaza kanye nabanentshisekelo ukuthi bathumele imibono yabo ebhaliwe mayelana **noMthethosivivinywa Wokuchibiyela Ezokuxhumana Ngogesi [B12 – 2026]. Lo Mthethosivivinywa wethulwa ePhalamende nguNgqongqoshe Wezokuxhumana Nobuchwepheshe Bedijithali mhla zingama- 20 kuMbasa wezi- 2026.**

UMthethosivivinywa uhlose: ukuchibiyela uMthetho Wezokuxhumana Ngogesi, 2005, ukuze kunikwe uNgqongqoshe obhekele uhulumeni wasekhaya amandla okwenza umthetho omisiwe kaZwelonke mayelana nokusatshalaliswa ngokushesha kwezingqalasizinda namanethiwekhi ezokuxhumana ngogesi;

ukwenza kusebenze umgomo othi "wusebenzisa noma wabelane ngawo" mayelana nespectrum yamaza okuxhumana ngogesi; ukulawula izinsizakalo zokuzulazula kwamanethiwekhi kanye nezinsizakalo zabahlinzeki bamanethiwekhi abonakalayo eselula; ukuthuthukisa uhlaka lokuqashiswa kwezingqalasizinda kanye nokuhlinzeka ngemithetho namazingo entengo yezinsizakalo zokudayisa ngobuningi; ukuhlinzeka ngokuthuthukiswa kokulawulwa kokuncintisana; kanye nokuhlinzeka ngezinye izindaba ezihlobene nalokho.

**Ukuthumela imibono ebhaliwe ngoMthethosivivinywa kuzovalwa ngehora lesine 16:00 ngoLwesihlanu, mhla zingama-21 kuNcwaba wezi- 2026. Uyacelwa ukuthi uveze embonweni wakho obhaliwe uma ungathanda ukwenza isethulo ngomlomo phambi kweKomidi.**

Imibono ebhaliwe kanye/noma imibuzo kufanele ithunyelwe kuNobhala weKomidi, uMnu Thembinkosi Ngoma, nge-imeyili ku: **tngoma@parliament.gov.za**, noma ku-083 709 8407.

Amakhophi oMthethosivivinywa ayatholakala kuwebhusayithi yePhalamende, **www.parliament.gov.za,** futhi angacelwa kuNobhala weKomidi.

**Ikhishwe ngu: Mhlonishwa KLN Sangoni, Ilungu LePhalamende, uSihlalo weKomidi elibhekele Ezokuxhumana Nobuchwepheshe Bedijithali.**

**Your Parliament. Your Voice. Your Future.**

www.ayandambanga.co.za
156911 ISOLEZWE ISIZULU